Lo mbono ubophezela mina kanye nabo bonke abasebenzi baloMnyango ukuthi siwazi umsebenzi, sizibophezele futhi lokho esikwenzayo sikwenzisise. U-Martin Luther King wathi “konke ukusebenza okuthuthukisa uluntu kunesithunzi kanye nobumqoka ngakho kumele kwenziwe ngobuchwepheshe”.

Okunye okusemqoka umhlahlandlela wethu, okuyiwona ocacisa bha inhloso yethu **yokuthuthukisa abantu amandla ngoku:**

- **Nikezela izidingo zezezimali kubantu ngokulingana, kanye**

- **Nobuholi obukhaliphile emikhakheni yokuphathwa kwezimali kanye nokubambisana ekuphatheni kukahulumeni**

Ukwaba izimali ngokulinganisa phakathi kwezomnotho kanye nezidingo zomphakathi kuzoqinisekisa ukuthi abantu besifundazwe banakekelekile. Ekuphathweni kwezimali, lo Mnyango unikezela ngezinkomba-ndlela eminyangweni yonkana kanye nakwezinye izingxenye zikaHulumeni kanye nakomasipala, ngaleny ndlela siyablekelela ekutheni baphathe izimali ngendlela enobuqotho.

Impokophelo yoMnyango wethu ukuba nobudlelwano obuqinile nabo bonke oNgqongqoshe nemiNyango yabo kanye nomasipala. Lobubudlelwano buzokwakhelwa phezu kwesisekela sokwethembana, ukunikezana izeluleko kanye nokulekelelana.

Mina qobo lwami ngizoqinisekisa ukuthi kunokuxhumana njalo noNgqongqoshe neminyango yabo ngesimo sezezimila esifundazweni ukuze kuthuthukiswe lobubudlelwano phakathi komnyango wezezimali kanye nayo yonke eminye.

Lomsebenzi usuvele usuqalile futhi ngifisa ukuzwakalisa ukubonga kubalingani bami kanye nezikhulu zabo ngokubambisana okukhona.

Ikhambi lendlela yokuphathwa kwezimali esizoliqhakambisa kungenzeka linganambithisiseki kwazise phela siqhamuka esimweni lapho sonke besilangazelela ukuba nengxenye esabelweni ebesingenakusenelisa sonke.

Kepha njengayo yonke imithi, lelikhambi akumele lihlolwe ngokunambitheka kepha ngomphumela eliyoba nawo. Sizimisele ukubhekana nokugxekwa ngendlela eyakhayo kanye nezicelo eziphusile kepha sinxusa iminyango yonke, womasipala kanye nezinye izimiso ezingaphansi kukahulumeni ukuthi nizibophezele ekusebenziseni nasekuphatheni izimali ngendlela efanele. Yilokho kuphela okuyokwenza sihloniphe isibophezelo sethu soku **SEBENZISA IMALI YABANTU NGOBUHLAKANI.**

Ngokuhambisana nombono kanye nomhlanhlandlela wethu, izinhloso zoMnyango wezeZimali sezibekwe ngokusobala kwi Sitatimende sesabelo-mali kanye noHlelo Lokusebenza loNyaka ka 2009/10.

## **UKUZIBOPHEZELA KOMNYANGO WEZEZIMALI**

Umizamo yethu kulonyaka-zimali izobhekiswa ekuphumeleliseni lezinhloso ezilandelayo:

1. Imibiko kamcwaningi mabhuku ehlanzekile ka 2009/10 kanye nokulungiswa kwemibiko ka 2008/09;
2. Izinyathelo ezibonakalayo zokwehlisa izinga lokukhwabanisa nenkohlakalo kuhulumeni;
3. Ukuqinisekisa ukuthi izindlela zokukhishwa kwemisebenzi zisobala futhi kazivuni abathize;
4. Yonke iminyango ilandela isabelo-mali sayo ekusebenziseni imali;
5. Ukuthuthuka okubonakalayo kwesimo sezimali zesifundazwe; kanye
6. Usizo oluthe xaxa oluya komasipala kanye nezinye izakhiwo zomphakathi (ezinesabelo sikahulumeni) ukuze imali iphatheke ngendlela ephusile.

Siwumnyango, siyophumelela kulezizinhloso ngokuthi iminyango, omasipala kanye nezinye izinhloso zikahulumeni zisebenze ngendlela eyamukelekile. Okwethu kusami ekutheni silekelele ngezululeko, sihlahle indlela futhi siqaphe ngeso lokhozi. **Uma sizimisele ngokunqoba kulomjaho wokulethela abantu izidingo, zonke izinhloso zikahulumeni kanye nabo bonke abasebenzi kuyomele bahloniphe imithetho nemigomo yokuphatha ngendlela kanye nokusebenzisa izimali ngendlela eyiyo.** Sonke kumele siqinisekise ukusebenzisa izimali zomphakathi ngobuhlakani nangendlela esobala ukuthuthukisa izimpilo zabo bonke abantu. Kumele sisebenze ngokubambisana ukwenza isifundazwe saKwaZulu-Natali sibe ngesiphumelelayo.

### **IZITHIKAMEZI KULOMNYANGO WEZEMALI**

Zimbili izithikamezi esengizibalulile selokhu ngiqalile kuloMnyango:

Okokuqala, isimo sephakethe esiFundazweni siphoka ukuthi imali isetshenziswe futhi iphathwe ngendlela enokuqaphela okukhulu. Sekuvele kubekwe izindlela zokuqapha isimo nsukuzonke futhi kubikwe eMkhandlwini oMkhulu nyangazonke.

Izidingo zomphakathi esiFundazweni zingaphezu kwemali ekhona nonyaka kanti lokhu kuntuleka kwemali kubeka ingcindezi emithonjeni esinayo njengesifundazwe. Lokhu kungenza singakwazi ukufeza izidingo zomphakathi uma siqhubeka ngendlela ebisebenza ngayo phambilini. Noma kunjalo nginesiqiniseko sokuthi siyokwazi ukufeza kangcono izidingo uma singachezuki emithethweni nasemigomweni yokuphathwa kwezimali zomphakathi (Public Finance Management Act neMunicipal Finance Management Act) kanye nemikhombandlela esikhishiwe. Kumele sipheze ukuxhaphaza imali nokuyisebenzisa ngokupensa. Kumele senze okuningi ngokuncane esinakho futhi sikwazi

ukukumela lokho esikwenzile ngemali. Ukuvumela izikweletu zidlondlobale yikho kanye okuyobeka ebungozini izinhlelo zokuletha izidingo kubantu. Sidinga ukhukhulela-ngoqo wemizamo yokuvuselela impilo esimweni sezimali zesiFundazwe.

Emnyangweni kanye nasehhovisi lami uqobo, sesiqalile ngezinhlelo zokusebenzisa imali ngokonga kanjena:

- Umhlomulo wokungalali ekhaya kanye nokuhamba: Umnyango ukhuthaza ukuthi kuhanjwe ekuseni kunokuthi kuhanjwe ngayizolo, ukuze kuncishiswe izindleko zokulala.
- **Izindleko zokukhangisa:** Uphiko lwezindaba zabasebenzi (Human Resources) seluqale ukwenza izikhangiso zemisebenzi ezifinqiwe eziyokhomba abantu kwi-website uma bedinga imininingwane ephelele yesikhangiso lesa.
- **Ukuhlinzeka ngokudla:** Umnyango usulehlisile izinga lokuhlinzeka ngokudla uma kunemihlangano yasehhovisi. Ehhovisi lami asisasilungisi isidlo sasemini uma kunemihlangano. Sithatha ikhefu ngesikhathi sokuthi wonke umuntu azilungiselele ukudla ngendlela efana neyansuku zonke uma esemsebenzini.
- **Imicimbi yomphakathi:** Sizozhubeka nokuhambela imiphakathi, kepha uMnyango usuzozama ukusebenzisa amahholo omphakathi kanye nawamadolobha esikhundleni sokuqasha amathende nokunye okuhambisana nalokho.

Okunye okuyisithikamezo emnyangweni yizinga eliphezulu lezikhala ezingagcwalisiwe emisebenzini esezingeni eliphezulu. Ezinhlanu kweziyishumi nantathu izikhundla eziphezulu kazinamuntu, okubeka ijoka ekutheni uMnyango ukwazi ukuletha usizo kweminye imikhakha kanye nokuqapha izinga lokusebenza.

Okwamanje sisabamba siyayeka, kepha kuzodingeka ukuthi lezikhala zigcwaliswe ngokushesha. Sithe izikhundla ezingekho bucayi zizomiswa. Kepha lezi esengizibalile zisemqoka kakhulu ukuze kulethwe izidingo zomphakathi, kanti ke sezikhangisiwe futhi zizogcwaliswa ezinyangeni ezimbili ezizayo.

Njengayo yonke imisebenzi yezezimali, loMnyango uyabantula abantu abanele abawaziyo umsebenzi nabaqeqeshekile futhi abazimisele. Ukuphathwa kwamathalente kuyobandakanya ukuthola izixazululo kulelizinga eliphezulu lezikhala emkhakheni wezimali, kohulumeni basekhaya nabesifundazwe. Lokho kuyobandakanya izinhlelo zokugcina abasebenzi kanye nokuthuthukisa ulwazi lwabo lomsebenzi.

Umnyango futhi usungenise uhlelo lwalabo abasaqeqeshwayo, olubhekene ngqo nezifundiswa ezingaqashiwe. Loluhlelo luwumxhantela walolu oludala lokuthatha abasanda kuphuma ezikoleni. Loluhlelo luhlose:

- Ukwenyusa izinga lokuqasheka kwabasanda kugogoda (ikakhulu labo ababengawatholi amathuba phambilini) abanenkinga yokuthola umsebenzi ngenxa yokuthi isipiliyoni kabanaso.
- Ukugcwalisa izikhala, ikakhulu elwazini oluntulekayo, lapho kuvela khona ukuthi lolulwazi luyantuleka.
- Ukufaka isandla ekwehliseni izinga eliphezulu lezikhala.

### **NGAMAFUPHI UHLELO NGALUNYE ONYAKENI WEZIMALI KA 2009/10**

Manje ngizobhekana nqo nezinhloso-nqangi zokufeza izidingo zomphakathi kanye nesabelo-zimali sakhona.

#### ***Uhlelo 1: Ukuphatha (Administration) - R175,090 million***

Loluhlelo lubhekene nemisebenzi emibili enqala, okuwukuphathwa jikelele koMnyango kanye nokusingathwa okujwayelekile kokuphathwa kwezimali ngendlela yobuchwepheshe bamakhompyutha esifundazweni sonkana. Lomkhakha ubandakanya iHhovisi lika Ngqongqoshe, iNhloko yoMnyango, uMphathi wezimali omkhulu, ihhovisi elengamele izidingo zomnyango, ezabasebenzi, kanye nezinhlelo zokusetshenziswa kwezimali.

INhloko yoMnyango kanye nami, sinezibophezelo zikazwelonke esibhekene nazo mayelana nomsebenzi wethu wokwabiwa kwezimali, okuyodinga imali yokuhamba ethe xaxa. Leyo mali isibekwe eceleni ukuphumelelisa lokhu.

Imali yokuqinisa ukuxhumana nabo bonke abantu besifundazwe nayo ibandakanywe kwisabelo sikaNgqongqoshe kanye neNhloko yomnyango. Imizamo kahulumeni yokuxhumana nomphakathi ibe nomphumela omuhle kanti futhi nenani labantu abajabulele ulwazi abaluthole ngohulumeni lenyukile. Kodwa-ke, njengoba uNgqongqoshe eHhovisi likaMongameli wezwe, uCollins Chabane, ebikile ephalamende ngo 18 June 2009, izinga lisephansi kakhulu – kanti futhi yilabo bantu abahlwempu kakhulu okuyibona abantula lolu lwazi. Ngakho-ke mukhulu umsebenzi osazokwenziwa ukwenyusa izinga lokukhulumisana phakathi kukahulumeni nezakhamizi – ngaphezu kokuthi nje kugixabezwe abantu ngolwazi

kepha kuxoxiswane nabo ukuze bazwakalise izimvo zabo futhi basithekelise ngolwazi siwuhulumeni.

ENingizimu Afrika, uxhumano alwenziwa ngokusebenzisa abezindaba abadayisayo kuphela. Yize leyongxenye yabezindaba inokukhulu engakwenza kulokhu, angeke nokho sathembela kuyona kuphela ukuthi inikeza isizwe ulwazi, ikakhulu uma sibheka ukuthi izwe lethu lise yilelo elithuthukayo.

Ngiyakholwa ukuthi uMnyango wezeZimali esiFundazweni ungenza okukhulu ekuthuthukiseni ulwazi lwabantu ngokuphathwa kwemali. Lolulwazi, olubandakanya ukugcina imali, lusezingeni eliphansi kakhulu lapha eNingizimu Afrika. Ngiyavumelana noNgqongqoshe weZimali kuzwe lonke uPravin Gordhan ekutheni akwanele okusenziwe kuleli ukufundisa isizwe ngezimali nezomnotho.

UNgqongqoshe uGordhan ucashunwe ngeledlule ethi kuzodingeka sihehe abatshali zimali bangaphandle ngoba imali egciniwe ngaphakathi iphansi kakhulu. Lokhu kushiwo ekwethulweni kwe Consumer Financial Vulnerability Index, ekhombise ukuthi asikenzi lutho ekubekweni kwezimali. Nakuba izinga lona lithe ukwenyuka ngo 17% wemikhiqizo yangaphakathi kusuka ku 15% nyakenye, kepha akwanele ukuthi kungaxhasa ukutshalwa kwezimali okudingakalayo ukukhulisa umnotho.

UMnyango weZimali kuzwelonke uhlela ukwenyusa isikalo umuntu ngamunye angatshala imali yokudayiswa kwamabhondi, kusuka ku R1 million kuya ku R5 million njengesu lokuthuthukisa imali ebekekayo.

Ngizophinda imibona ka Premier kanye nohulumeni wesiFundazwe odabeni lokubandakanywa kwezakhamuzi kulendlu: “Sizodinga ukuxhumana kakhudlwana, hhayi kancane, nabantu basesifundazweni saKwaZulu-Natali... Kepha, lohulumeni uzokwenza lokho ngendlela ehlelekile, ehloniphekile futhi enokusebenzisana.” Akekho uhulumeni emhlabeni okungalindeleka ukuthi usebenze wodwa ushiya abantu ngaphandle uzivalele ngaphakathi kwezindonga zamahhovisi.

Okuzodingeka sikwenze ukuthi sinciphise kulokho “okumnandi ukubanakho” nokumosha izimali singabukeli phansi ubumqoka bokuxhumana nabantu bakithi kanye nalabo esisebenzisana nabo. Lokho kuyokwenzeka uma siyohlela kahle futhi sisebenzise izinsiza esinazo ngendlela esichaziwe ngemuva. Kubalulekile ukuthi sithole okubalulekile ngaso sonke isikhathi.

Sengivele ngivumile ukuthi isabelo-zimali sehhovisi likaNgqongqoshe sehliswe ngo R4,7 million ukuze kunezezelwe ehhovisi likaNgqongqoshe weZokuthuthukiswa koMnotho neZokuvakasha (Ivoti yesine).

Indawana ekhathazayo kuHlelo 1 wuhlelo oluncike ngaphansi kwalo: Izinhlelo zezimali zokuxhasa nezidibene nomsebenzi (R93, 280 million). Lezizimali kuzomele ziphathwe ngendlela enokuqaphela ukuze kungakapakelwa ngaphandle kwesabelomali. Lemali kuloluhledlwana izosebenza ikakhulu ukusiza ama SITA ayona yonke iminyango. Imisebenzi yama SITA izoqaphelwa yingxenye ethize kanti-ke imisebenzi engekho semqoka iyophundlwa noma ivalwe lapho kudingeka khona.

### ***Uhlelo 2: Ukusingathwa kwemithombo yezimali – R51, 701 million.***

Inhloso lapha ukusingatha nokuqaphela imithombo yezimali kahulumeni wesifunda nabasemakhaya kanye nezinhlelo zokwabiwa kwezimali. Sizothubeka nokuqinisekisa isimo sezimali esisimeme ngokuthi silokhu siqaphele ukusetshenziswa kwezimali emikhandlwini nakuyona iminyango kahulumeni wesifundazwe. Ukuze kube nokukhuthala kulomkhankaso, uMnyango lona uzobandakanya ikomidi lezimali eSishayamthetho kukhona konke ukusetshenziswa kwesabelo-zimali sika 2009/10. Loluhlelo luzobandakanya zombili izabelomali zesifundazwe kanye nomasipala ukukhuthaza ikomidi ukuthi lenze umsebenzi walo wokuqaphela ngokuphelele.

Enye yemisebenzi esemqoka ngaphansi kwaloluhlelo ukubumba indlela esezingeni yokusetshenziswa nokunikezelwa kwezimali. Lokhu kubandakanya ukubhekisa kahle isimo somnotho sesifundazwe; ukuqapha ukusetshenziswa kwemali yenqalasisinda kanye nokubheka ukusetshenziswa kwemali maphakathi nonyaka wesabelomali; ukuhlela kwezitatimende zesabelomali kanye nokuqondisa izindlela zokuqapha ukusebenza kwemali. Sinabesilisa nabesifazane abanobuchule bokuqapha **ukusetshenziswa kwesabelomali** nonyaka, phezu kwesimo esibucayi somnotho. Futhi sesimi ngomumo ukuthi sibheke ukuthi iminyango isebenza njengoba izibophezele na.

Kunethimba eselibunjiwe ngaphansi kwaloluhlelo, okuyilona elizobe libhekene nqo nezimali zemikhandlu. Lokhu kuyahambisana nomsebenzi onikezwe loMnyango ngaphansi komthetho wezokuphathwa kwezimali zemikhandlu (Municipal Finance Management Act). Njengoba besebusweni bokufezwa kwezidingo zabantu, omasipala abangazifezi izidingo

ngendlela egculisayo bahlezi beba ngundabamlonyeni. Lelithimba-ke lizobe liqaphe ukusetshenziswa kwezimali zomasipala, ukuqoqwa kwemali nokubolekwa kwayo kanye nokuthi umsebenzi wenziwa ngaphansi kwesabelo-zimali na. Lena yindawo esemqoka kakhulu uma ngabe uhulumeni uzimisele ukuletha izidingo kubantu ngempumelelo.

**Yilapha-ke ngempela umehluko ezimpilweni zezakhamizi zesifundazwe wenziwa khona.**

Nakhu-ke ebese sikuqaphelile ngezinsalelo komasipala:

- Ukuxega kakhulu ekuphathweni kwezimali;
- Ukungagcinwa kwamabhuku ngendlela (okungabangelwa ukungabikho koqeqesho kanye nezinsiza);
- Ukuntuleka kwezinqubo-mgomo, izinkambiso kanye nokungabikho kokucaciswa ukuthi ubani onamandla okwenzani;
- Ukungalandelwa kwezindlela eziqotho ekukhishweni kwemisebenzi;
- Ukungasetshenziswa ngendlela kokhaso (conditional grants);
- Izindlela ezingaqondile zokuqoqa izinhlawulo;
- Ukungabikho kwezinhlelo zokubika onyakeni; kanye
- Nabasebenzi bezezimali abangenalo kahle ulwazi.

LoMnyango usulekelele omasipala abayisishiyagalolunye kulesisifundazwe ngoHlelo loKulelela oMasipala (iMunicipal Support Programme) kusukela ngo November 2007. Lolu sizo selube nomthelela omkhulu emibonweni kamcwaningi mabhuku (auditor general) lwango 2007/08 kulabomasipala. Nansi-ke imiphumela emihle yaloluhlelo, kusetshenziswa imibono yocwaningo-mabhuku:

- Imikhandlu emibili yaphunyuka ekubeni nama Disclaimers yatholakala icwaningwe njengehlanzekile (uMgungundlovu District Municipality kanye ne Greater Kokstad Local Municipality);
- Ngokunjalo ne Ingwe ne Mandeni bacwaningwa batholakala bengenamyocu kade betholakale benogcobho ngokwedlule;
- Abanye ababili basuka kwi Disclaimer batholakala benogcobho nje (Qualified audit opinion). Labo yiSisonke kanye neMpendle; kanti
- Ubuhlebezwe baphinde baba nalowogcobho kuphela (unchanged qualified audit opinion).

Loluhlelo lokulekelelwa komasipala, okumanje lusingethwe yiloMnyango kanye noMnyango woHulumeni baseKhaya kanti futhi luxhaswe yi Development Bank of South Africa, lusiza kanjena ngamafuphi:

- Ukubunjwa kwesabelomali,
- Ukuqoqwa nokusetshenziswa kwezimali,
- Ukucutshungulwa kwemali yezakhiwo-nqangi,
- Ukucutshungulwa kwemali yokuletha izidingo,
- Ukuphathwa kwabakweletayo,
- Ukukhishwa kwemisebenzi ethize,
- Ukusingathwa kokungena nokuphuma kwemali, kanye
- Nokuqinisekiswa kokuthi amabhuku agcinwa ngendlela eyamukelekileyo (Generally recognised accounting practice (GRAP) implementation)

Njengamanje, imali ekhona (R34, 717 million – eyenyuke ngo R10 million kweyanyakenye) ikwazi ukusiza ekuqapheni kanye nasekulumbaniseni kuphela. Yize ibonakala yenyuke kangaka, lemali incinyane ukuthi ingayixhasa kahle yonke imikhandlu emincane engu 31.

Lokhu kuyangikhathaza impela mina. Sengike ngasho-ke kodwa ezikhulwini zoMnyango ukuthi uma kukhona izindibilishana ezivuthukayo kwisabelo-zimali soMnyango kubandakanye nehhovisi lami imbala, kungakuhle isetshenziswe ekuxhaseni omasipala.

### ***Uhlelo 3: Ukuphathwa kwezimali - R42, 182 million***

Ngaleligatsha kuhloswe ukuqinisekisa ukuphathwa ngendlela kwemali kanye nokunye kwesifundazwe nohulumeni basekhaya.

Futhi kugadwe ngalo ukuqinisekisa ukuthi zibekiwe izindlela eziyizo zokuphatha imali kanye nokukhishwa kwemisebenzi. Izinhlelo zokubambisana kukahulumeni nabazimele nazo zingaphansi kwaleligatsha.

Lelithimba yilona futhi eliqinisekisa ukuthi izinhlelo zikahulumeni zinawo amandla okuphatha izimali ngendlela esiFundazweni. Kuyangithokozisa ukuqinisekisa ukuthi lesiFundazwe sinezinqubo ezibekiwe ezihamba phambili ekuphathweni kwezimali kanye nasekukhishweni kwemisebenzi. Lezinqubo-mgomo zihleze zibuyekwezwa njalo

kubandakanya nokubonisana nalabo esisebenzisana nabo. Noma-ke kunjalo ngikhathazekile ukuthi ezinye izikhulu zethu zisalokhu ziphuma eceleni ngokuthi zingayilandeli lemigomo emihle yokusetshenziswa kwezimali. Empeleni, kunezinkomba zokuthi kwezinye izikhathi lemigomo iyazitshwa nje umathanda ngezinye izikhulu, okuyaye kuze kuholele ekutheni ucwaningo mabhuku lukhombwe ogcobho, nokusebenzisa izimali ngokuxhashazwa.

Ukugwema ukulandela lemigomo kuyaye kuvule intuba yokuthi kwenzekwe ukukhwabanisa nenkohlakalo esengivele ngiyichilizile kanti uhulumeni akazukuba nasihe kulabo abaqhubekayo nokwaphula umthetho.

Ngizosebenza ngokubambisana kakhulu nalelithimba elisingethe loluhlelo ukuze sisheshe sikhaliwe ugcobho, nokuvikela ukuxhashazwa kwemali kanye nokukhwabanisa nenkohlakalo. Ngakho-ke kuzomele siqinisekise ukuthi izinsiza zethu, izinqubo-mgomo kanye nezinkambiso zimi ngomumo nanokuthi sinawo amandla okwenza umsebenzi ofanele.

Okuzoba yinselelo kulelithimba kulonyaka-zimali ukulawula ukusetshenziswa kwemali esiFundazweni. Nakuba okwamanje sisahambisana nemigomo evikela izikweletu esifundazweni, isimo kuzomele sibhekwe ngeso lokhozi ukuze sihambisane nezibophezelo zezezimali.

Lokhu kuzodinga ukuthi umnyango ngamunye ube nezindlela eziphusile zokuphatha imali kanye nokusetshenziswa kwayo. Izindlela zokuqapha kanye nezindlela zokubika esizibekile zizosiza ekutheni zivule amehlo ngesimo semali emnyangweni ngamunye.

Okunye okungumthelela kulesisimo esiyincuphe ukuthi **izinqumo zithathwa ngesikhathi sekufanele kukhokhwe hhayi ngesikhathi kusahlelwa ukuthenga**. Kusemqoka ukuthi-ke izinqumo zithathwe ngesikhathi kusathathwa isinyathelo sokuthenga noma sokuqoka ozokwenza umsebenzi. Uma imali ingekho, i-oda lingaphumi noma angaqokwa umuntu ozokwenza umsebenzi. Angeke sakwazi ukuvumela isimo sokuthi umuntu athenge agcwalise inqola kepha kuthi uma sekusesisefeni, kuthiwe imali “do!”.

Yikho lokhu okulindeleke ukuthi kwenziwe yiloMnyango, njengoba kuyithina ababhekeleli besikhwama sezimali zesiFundazwe ezigcinwe ebhange.

Kuzomele siqinisekise ukuthi impahla esiyifaka enqoleni uma sithenga iyileyo esiyidinga ngempela, nokuthi **asizukuyikhalela imali yethu ngayo nanokuthi ayimbi eqolo** ngokungenasidingo ngaphambi kokuthi sifike lapho ikhokhelwa khona!

Kunezikhathi lapho sesike sakhokha khona saze sagamanxa – kwesinye isikhathi inani liphindaphindwe kashumi enanini elijwayelekile – ngenxa yokuthi izikhulu ezikhipha umsebenzi bezingazi ukuthi umsebenzi eziwukhiphayo umele ukubiza malini, noma, okubi kakhulu, bekwenziwa ngabomu!

Enye inselelo eyokuntuleka kwemali yokubhekana nezikweletu, njengoba nje isizokhokhwa ngaphansi kwaleligatsha. Kulesibophezelo sethu sokonga imali, njengoba kulotshwe kusomqulu ochazayo (explanatory memorandum) ngeSitatimende seSabelo-zimali, lokhu kukhokhwa kwesikweletu sekubaliwe. Leyomali iyocashunwa uma sekwenziwa ama Adjustments Estimate alowo msebenzi.

#### ***Uhlelo 4: Ucwangingo lwangaphakathi – R78,231 million***

Igatsha lokuCwanginga langaPhakathi (Internal Audit Unit) yilona esingalisebenzisa kakhulu ekuveza ukuphatha ngendlela eyiyona esifundazweni sonkana. Lesisakhiwo sibhekene nalezizinjongo:

- Ukuveza isithombe esigculisayo sobungozi (risk profile) obungabhekana nesiFundazwe,
- Ukucubungula umsebenzi wokusetshenziswa kwemali nokuqwashisa ngalokho okungaholela ekutheni sitholakale sibudedengu uma sekufika ucwangingo lwangaphandle,
- Ukukhuthaza isikompilo lokungakubekezelili nhlobo ukukhohlakala nokukhwabanisa.

Ukubaluleka kwabahlaziyi bangaphakathi abulele ekuthenini benze imisebenzi emingaki, kepha ekutheni izincomo zabo zamukeliwe yini nokuthi zenziwe yini ngabaphathi eminyangweni eyahlukene.

Lendawana isakhathaza impela ngenxa yokudonsa izinyawo kwabaphathi ekwamukeleni iziyalelo zalaba bahlaziyi. Uma abaphathi bengathathi izinyathelo ezifanele ngalokhu okuveziwe kwenza ukuthi kungabi nokuqaphela ukuchitheka kwezimali kuleyo minyango.

Phezu kwalokho lelithimba liyaqhubeka nokuzama ukwakha ukubambisana phakathi kwalo nabaphathi beminyango. Lemizamo ibandakanya ukuhlelwa kwemihlangano neminyango, ukuhlelwa kemibukiso ngokumele kwenziwe, ukuba yingxenye yemihlangano ekhuthaza ukuhlaziya lokhu, imihlangano yokuhlela ngekusasa kanye nemihlangano yabaphathi eminyangweni.

Ikomidi elisha lokuhlaziya lisebenza kahle impela futhi linawo amandla okuthintana nezinhlaka zokuphatha eziphezulu eminyangweni ukubhekana nobungozi obungaba khona. Leli thimba lathola umklomelo wendondo yethusi emcimbini kaNdunankulu walabo abalethe izidingo ngendlela esezingeni ngo 2008.

Inselelo ebhekene naloluhlaka loMnyango ukuthi abasebenzi bayafunwa ezindaweni eziningi, okwenza kuhlale kunokuntuleka kithina. Ezweni lonke-ke ochwepheshe kulomkhakha bayantuleka. Sinohlelo lwe Accelerated Promotion Programme, ngalo okuhloswe ukuthi kuthuthukiswe abasebenzi bangaphakathi ukuze sizame ukubagcina. Futhi kunohlelo lokubaqeqesha ngaphakathi lapho bayaye bazibophezele ekuhlaleni nathi isikhathi esibekiwe, lokho okusigcina sinabacwaningi abasezingeni isikhathi esithe xaxa.

#### ***Uhlelo 5: Ukukhula nokuThuthuka – R277, 719 million***

Kumele-ke sithi ukuchaza ngezimali eziphakwe lapha. Kulonyaka-zimali imali icazwe kanjena:

#### ***Isabelo se-Occupational Specific Dispensation yodokotela nongcweti – R108, 109 million***

Lezimali azikabelwa uMnyango wezeMpilo njengoba kusaxoxiswa nezinyunyana. Kuyothi lapho sekuthathwe isinqumo, bese izimali zisuswa ku Vote 6 ziye ku Vote 7 woMnyango wezeMpilo.

#### ***Isabelo seMoses Mabhida Soccer Stadium – R150 million***

Lesi yisamba sesibili okungesokugcina emalini ekhishwe yisifundazwe iya eMkhandlwini weTheku ekwakhiweni kwale nkundla.

Isabelo semisebenzi eyizipesheli – R19, 610 million

Lokhu kubandakanya lemisebenzi:

- Ifihlile Training Academy yokuqeqeshwa nokuthuthukiswa kwalabo ababencishwe amathuba (R11,518 million);
- Uhlelo lokuxhumana nomphakathi ekuwufundiseni ngokwakhiwa kwesabelomali (R6,452 million); kanye
- Neminye imisebenzi engaphasiswa Umkhandlu Omkhulu (R1, 64 million).

**Isabelo-zimali ngamafuphi**

	Medium-Term Estimates R'000		
	2009/10	2010/11	2011/12
Ukuphatha ngaphakathi	175 090	187 562	198 794
Ukuphathwa kwemithombo yemali	51 701	43 870	46 504
Ukuphathwa kwemali qobo	42 182	44 365	47 020
Ukucwaninga kwangaphakathi	78 231	81 547	87 044
Ukukhulisa nokuthuthukisa	277 719	229 315	355 615
<b>Total</b>	<b>624 923</b>	<b>586 659</b>	<b>734 977</b>

**UMTHELELA WESABELO-ZIMALI SIKA 2009/10**

Isabelo-zimali soMnyango wezeZimali sika 2009/10 njengoba ibikwe kuSomqulu oChazayo, siveza ukuthi sehlisiwe ngo R17, 854 million. Lokhu kuhambisana nesibophezelo sethu sokonga. Ngale kokukhokhela ama SITA kanye nesidingo sokuxhasa omasipala abaningana, sinethemba lokuthi umnyango lona uzokwazi ukwenza umsebenzi ngokuthi usebenzise kahle izinsiza eziphambi kwawo.

**ISIPHETHO**

Njengababhekeleli bezimali zesifundazwe, umnyango wezezimali ugixabezwe ngoNgqongqoshe kanye neshayamthetho ngomsebenzi omkhulu. Siphokophele ukufeza zonke isidingo zomphakathi ngendlela eseqophelweni eliphezulu.

Mina kanye nethimba laloMnyango siyazibophezela ekuhlahleni indlela nanokuba yisibonelo ngokusetshenziswa kwemali ngendlela, ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi wokufeza izidingo wenziwa ngendlela kanye nokwakha isikompilo lokuphatha ngendlela.

Uma sizokwazi ukwenza kahle umsebenzi onikezwe loMnyango, kusemqoka ukuthi thina qobo lwethu siqinisekise kuqala ukuthi indlu yethu kayinethi.

Sizokwenyusa izinga lokusebenza kwethu ukuze lihambisane nombono wethu wokuba yisizinda sobungcweti ekuphatheni izimali ezweni. Ukweboleka emazwini ka Ralph Marston, “Ubungcweti abufundelwa. Kepha kusuka emqondweni.” Abantu abalinganiselwa ku 10 million kulesiFundazwe bathembele ekucabangeni kwethu ukuze kuthuthuke izimpilo zabo.

Nginethemba lokuthi ngalezibophezelo, nizokwazi ukweseka isabelo-zimali sika 2009/10 esingu R624, 923 million eVotini 6: UMnyango weZimali esiFundazweni. Ngiyakuthokozela ukwethula ngokusemthethweni lesi sabelo-zimali ukuthi nisamukele.